



---

## ISITATIMENDE SABEZINDABA ESIHLANGANISIWE

### UMGCINIMAF A KAZWELONKE KANYE NOPHIKO LWEMALINGENISO EQOQWAYO LWASENINGIZIMU AFRIKA

#### **EKUKHISHWENI KOHLELO LONYAKA LWE-15 LWEZIBALO ZENTELA**

---

**PRETORIA, NGOLWESIHLANU MHLA ZI-3 KUNDASA 2023**

UMgcinimafa kaZwelonke kanye noPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika bashicilele uhlelo lonyaka we-15 lweziBalo zeNtela.

Uhlelo lowezi-2022 iuhlinzeka ngohlolojikelele Iwentela yemali engenayo eqoqiwe kanye nolwazi lwamaphepha entela lweminyaka yentela yangowezi-2018 kuya kowezi-2022, kanjalo neminyaka yezimali yangowezi-2017/18 kuya kowezi-2021/22.

Ukusimama komnotho emva kobhubhane kwehlukile kunalokhu okubi okwethusa umnotho. Emva kwesimo esibucayi sezomnotho emhlabeni wonke kunyaka we-2008/09, kwakuyiminyaka embalwa ngaphambi kokuba imali eqoqwayo yentela ibuyele emazingeni angaphambi kwasikhathi sesimo esibucayi njengengxene yemalingeniso nokusetshenziswa kwemali. Ngenxa yokusimama okunamandla komnotho emva kobhubhane, imali eqoqiwe yentela inyuke ngo-R314.1 billion yaya ku-R1 563.8 billion kunyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa 2022. UKusimama kwentela eqoqwayo kubonakale kuzo zonke izinhlobo zezintela, kodwa ikakhulukazikuntelangeniso yezinkampani ngenxa yokunyuka kuntengo yempahlamkhiqizo, kanjalo nezintela zakuleli ezimpahleni nasemisebenzini, okwakuthintekе kakhulu ngenxa yezimiso zomvalelandlini okwabangelwa ubhubhane.

Amaphuzu asemqoka ohlelweni lowezi-2022 yilawa:

- Isamba sentela eqoqwe uSARS sinyukile sisuka ku-R1 216.5 billion kunyakamali wezi-2017/18 saya ku-R1 563.8 billion kunyakamali wezi-2021/22, esikhule ngesilinganisonani elihlanganisiwe (CAGR) lika-6.5% kulesi sikhathi. Lokhu

Imibuzo: SARS Media [sarsmedia@sars.gov.za](mailto:sarsmedia@sars.gov.za)  
National Treasury Communications Unit [media@treasury.gov.za](mailto:media@treasury.gov.za) noma ushayele le nombolo 012 315 5000

kungaphansi kakhulu kune-CAGR ka-8.4% eyatholakala ezikhathini zeminyaka emihlanu kusukela kowezi-2012/13 kuya ku- 2017/18.

- Intelangeniso yomuntu (i-PIT) iku-35.5%, iNtelantengo (VAT) iku- 25.0%, kanti Intelangeniso Yezinkampani (i-CIT) iku-20.7% kanti uma zihlangene iyona enemithombo eminingi yentela yemali engenayo kanti futhi ifaka 81.2% wentela yemali engenayo eqoqiwe isiyonke.
  - Inani lentela uma liqhathaniswa neGDP lehlile lisuka ku-23.8% kunyakamali wezi-2019/20 laya ku-24.9% kunyakamali wobuyekezo.
- 
- KuSahluko 2: Ngomhla zingama-31 kuNdasa 2021, uhla lonyaka IweNtela Yemalingeniso Yomuntu (i-PIT) lunyuke ngo-4.1% laya kubantu abayi-23.9 million. isibalo sabantu okulindeleke ukuba bathumele amaphepha abo entela babeyi-7.1 million ngonyaka wentela wezi-2018. Lesi sibalo sehlile saba ku-6.8 million kunyaka wezi-2020 baphinde saya ku-6.4 million kowezi-2021, ngenxa yokunyuka kwesilinganiso esibekiwe kulabo abafanele ukubuyisa amaphepha entela, kuleminyaka embalwa eyedlule. Umphakathi wabakhokhintela abahlonzelwa ukuhlolwa ngohlelo oluzenzekelayo ngesikhathi sentela sowezi-2020 wanyuka kakhulu waba ngaphezulu kancane kuka-3.4 million. Imininingo yabantu abangabakhokhintela abahloliwe yaveza ukuthi, kubakhokhintela aba-6 388 532 okulindeleke ukuba bathumele amaphepha abo entela kunyaka wentela wezi-2021, bayi-5 508 525 (86.2%) abakhokhintela abahloliwe. KuSahluko 2: iNtela Yengenisomali yomuntu, ukuhlonzwa kwabantu nendawo ekuhlolweni kwabakhokhintela abahlolwe kwaze kwaba sekupheleni kukaMandulo wezi-2022 ngonyaka wezi-2021 kwaveza imiphumela ethakazelisayo yentela:
    - 2 177 191 (39.5%) wabakhokhintela abahloliwe babebhaliswe e-Gauteng;
    - 726 663 wabakhokhintela abahloliwe bahlala ku-Johannesburg Metro kanti babetheliswe kungeniso eliyidonswantelo elijwayelekile elingu-R446 739;
    - 1 432 673 (26.0%) wabakhokhintela abahloliwe bebephakathi kweminyaka engama-35 kuya kwengama-44 yobudala;
    - 2 859 926 (51.9%) wabakhokhintela abahloliwe bekungabakhokhintela abangabantu besilisa; 2 613 130 (47.4%) bekungabantu besifazane; kanti abangahlonzwanga ngokobulili bangu-35 469 (0.6%);
    - Abakhokhintela abahloliwe banengeniso eliyidonswantelo lika-R1.8 trillion kanye nesikweletusibopho esingu-R388.1 billion. Isilinganisonani sabo sentela

Imibuzo: SARS Media [sarsmedia@sars.gov.za](mailto:sarsmedia@sars.gov.za)

National Treasury Communications Unit [media@treasury.gov.za](mailto:media@treasury.gov.za) noma ushayele le nombolo 012 315 5000

- sasingu-21.4% uma kuqhathaniswa no-22.3% wonyaka wentela owedlule; kanti
    - Ingeniso elivela emiholweni kanye nakwezinye izimali kanjalo nempesheni, isikhathi sokusebenza eseidle kwesivamile kanye nama-anyuwithi kwenze u-77.2% wesamba sengeniso eliyidonswantelo.
- Izibalo kuSahluko 3 mayelana neNtela Yengenisomali yeZinkampani (i-CIT) ziveza ukuthi ezinkampanini eziyizi-1 028 832 ezihloliwe kuze kube kuMandulo 2022 ngonyaka wentela wangowezi-2020, ezingu-21.4% zibe zinhle kungeniso eliyidonswantelo, kwathi ezingu-53.2% zaba nengeniso eliyidonswantelo elilingana nemali engekho kanti ezisele ezingu-25.4% zibike ukulahlekelwa emva kokuhlolwa.
- Isahluko 4 siveza ukuthi ngonyaka wezi-2021/22, 80.0% wabathengisi abakhokha iNtelantengo i-VAT kwakuyizinkampani noma ama-close corporation. Zibe negalelo elingu-92.7% kuzinkokhelo ze-VAT kuleli zaphinde zakhokha izimali ezibuyiswayo ze-VAT ezingu-91.9%. Yize abantu (abanikazi zinkampani ngabodwana) benza u-14.8% wabathengisi abakhokha i-VAT, babe negalelo elingu-2.3% kuzinkokhelo ze-VAT kuleli baphinde bathole u-1.2% wezimali ezibuyiswayo ze-VAT.
- Njengoba kuchaziwe kuSahluko 5, i-VAT yempahla ethelekiswayo kanye neNtelo yoMnyango wokuThelisa ibe ngu-13.1% kanye no-3.7% wenani eliphelele leNtela yemali engenayo ngokulandelana; okube ngu-16.8% uma ihlanganisiwe, ebingaphansi kancane kwevamile engu-17.2% kule minyakamali emihlanu eyedlule. Ukwabiwa kwalezi zintela ku-GDP kunyuke kwaya ku-4.2% kusuka eminyakeni emihlanu eyendulela lo ku-4.0% ovamile, i-VAT yempahla ethelekiswayo ibe ngu-3.3% kwathi iNtelo yoMnyango wokuThelisa yaba ngu-0.9% ngonyakamali ngokulandelana.
- Ngonyakamali wezi-2021/22.
  - Intelantengo yempahla engeniswa ezweni yaqoqwa kakhulu ekungenisweni kwemishini nezinto ze-elekthrikhi (25.6%); imikhiqizo yekhemikhali (14.2%); izimoto, izindizamshini nemikhumbi (9.7%); ukuhlinzekelwa okukhethekile (8.9%); izinsimbi (7.5%); ucwazi nerabha (5.5%); izindwangu nezingubo zokugqoka (5.0%) kanjalo nemikhiqizo yezimbiwa phansi (4.0%).

- Ababe negalelo elikhulu kuntela yezimpahla kowezi-2021/22, kwaba izimoto, izindizamshini nemikhumbi (22.7%); izindwangu nezingubo zokugqoka (17.3%); ukudla, iziphuzo kanye nogwayi (14.8%) kanjalo nemishini nezinto ze-elektronikhi (13.3%).
  - Isilinganisonani esiphelele sentela yoMnyango wokuTheisa ngonyaka kwaba ngu-11.9% uma kuqhathaniswa no-12.0% wonyaka owedlule. Imikhiqizo ehamba phambili enesilinganisonani esiphezulu sentela yempahla kwaba yizicathulo nezinto zokuhloba eziwu-43.6; izikhumba ziwu-37.0%; izindwangu nezingubo zokugqoka ziwu-30.0%.
- Okokugcina, iSahluko 6: Ezinye izintela nokuQoqwayo kuhlinzeka ngolwazi lwezintela ezifana neNtela yeNzudo i-Capital Gains Tax (CGT), iNtela yokuDlulisela i-Transfer Duty, imivuzo yemithombo yepethrolyamu i-Mineral and Petroleum Resources Royalty (MPRR), izinkokhelo ze-Southern African Customs Union (SACU) kanye nezimali ezibuyiswayo zika-Diesel. Ngonyaka wezi-2021/22, kwenziwa i-CGT engu-R16.2 billion kuyo u-R7.7 billion wawuvela kubantu ngabanye nakumaqomangcebo kanti u-R8.5 billion wawuvela ezinkampanini. Uma kuhlanganisiwe kwenziwe u-R189.3 billion kusukela ekwethulweni kwe-CGT kuMfumfu wezi-2001, kuyo u-R88.6 billion wawuvela kubantu ngabanye nakumathrasti kanti u-R100.6 billion wawuvela ezinkampanini. izinkokhelo zeNzuzobunini Yezimbiwa Nokusaphethilomu (MPRR) ezenziwa ilaba abambayo ikhule kakhulu ngo-R14.2 billion (100.0%) yaya ku-R28.5 billion ngenxa yokwenza kangcono okukhulu kuntengiso yempahlamkhiqizo efana neplathinamu, insimbi kanjalo namalahle. Lokhu kukhula kukhule ngezinga elikhulu kakhulu uma kuqhathaniswa nokukhula konyakamali wezi-2016/17 kuka-R2.1 billion (56.5%).

Amadokumenti eziBalo zeNtelo owezi-2022 ayatholakala kusizindalwazi sakwaSARS nesakuMgcinimafa kaZwelonke kulawa makheli [www.sars.gov.za](http://www.sars.gov.za) kanye no-[www.treasury.gov.za](http://www.treasury.gov.za)

Abakwa-SARS noMnyango woMgcinimafa kaZwelonke bayakwemukela ukuphawula nezincomo okuqhubeka nokuthuthukisa ukusetshenziswa kokushicilelwu ekuhlolweni kwenqubomgomu, kanye nokuthola imibono emisha ngesimo senhlalo nezomnotho

Imibuzo: SARS Media [sarsmedia@sars.gov.za](mailto:sarsmedia@sars.gov.za)

National Treasury Communications Unit [media@treasury.gov.za](mailto:media@treasury.gov.za) noma ushayele le nombolo 012 315 5000

eNingizimu Afrika. Lokhu kungahlinzekwa ngokuthumela i-imayili ku-  
[taxstatistics@sars.gov.za](mailto:taxstatistics@sars.gov.za)

Ukuze ukwazi ukungena kuleli khasi ngezilimi ezehlukene sicela ucofe lokhu okuzokuxhumanisa nazo ngezansi:

- IsiZulu
- Sesotho
- Afrikaans
- Sepedi
- Xitsonga

## IYAPHELA

Imibuzo: SARS Media [sarsmedia@sars.gov.za](mailto:sarsmedia@sars.gov.za)  
National Treasury Communications Unit [media@treasury.gov.za](mailto:media@treasury.gov.za) noma ushayele le nombolo 012 315 5000